

FRITZ HASSELHORN:  
DER LANDBESITZ DER MISSION (1907)<sup>α</sup>

uFRITZ HASSELHORN:  
UMHLABA OWAWUSUNGOWENHLANGANO YENTUMO (ngowe-1907)<sup>β</sup>

Auf den meisten Stationen der Betschuanenmission hatte die Mission keinen oder nur geringen Grundbesitz. Kwamaningi amagatsha eNtumo kwelabeTswana iNhlango yeNtumo (yaseHemansbheke) yayingenamhlaba ongakanani okungowayo. Nach einer Übersicht aus dem Jahr 1890<sup>1</sup> hatte die Mission auf neun Stationen einen Teil des Kaufpreises entrichtet und damit das Recht zur Anlage einer Station erworben, neun weitere Stationen gehörten ganz dem betreffenden Stamm. Ngokwesibalo sonyaka we-1890 iNhlango yeNtumo yayikade ifaké ingxenywe yemali ekuthengweni kweziza zamagatsha eNtumo eziyisishiyagalolunye, yathola ngalokho igunya lokuthi kwakhiwe; amagatsha amanye ayisishiyagalolunye kwakungawomphakathi (kungahlanganiselenwe namuntu oseceleni). In Bethanie gehörte der Mission das (bereits erwähnte) Grundstück von 600 Hektar, in Bersaba hatte sie das von Missionar Backeberg gekaufte Grundstück von 1600 Hektar übernommen<sup>2</sup>. EBhethani iNhlango yeNtumo yayingumnini wesiza (ebesesiké sakhuluma ngaso) esasingamahektha angamakhulu ayisithupha (600 h) ubukhulu, eBhesaba iNhlango yeNtumo yayizuzé isiza esasikade sithengwé nguMthunywa uBackeberg esasingamahektha ayinkulungwane namakhulu ayisithupha (1.600 h). Einen größeren Platz besaß sie noch in Bethel - von dort wurde die Missionsarbeit auf den Farmen des Hochfeldes betrieben - und in Morgensonne, wo einige Missionare eine Farm zur Anlage einer Privatschule für ihre Kinder gekauft hatten, die später von der Mission übernommen wurde. INhlango yeNtumo yayinodadawane wendawo eBheteli - umkhankaso wentumo emaplazini asenhla wawuzinzé lapho - naseMorgenzone lapho amanye amamishinari ayezithengelé khona iplazi okwakuzokwakhiwa kulo isikole sabantabawo, elagcina lizuzwé yiNhlango yeNtumo. Ein kleineres Grundstück, ein so genanntes Erf, gehörte zur Station Polonia, einer Schenkung polnischer Missionsfreunde. Isiza esincane, okuthiwa (ngesiBhunu) yi-erf, ngesegatsha lasePholoniya, okwakuyisipho sabaxhasi bomkhankaso weNtumo kwelasePoland (phesheya). Ebenfalls ein Erf war in

---

<sup>α</sup> FRITZ HASSELHORN: DIE HERMANNSBURGER MISSION IN SÜDAFRIKA IM SPIEGEL DES MISSIONSBLATTES 1870 – 1910. Wissenschaftliche Arbeit von Fritz Hasselhorn im Studium der Geschichte an der Universität Göttingen (64 Seiten), ohne Jahresangabe. Abschrift zwecks Dokumentation und Übersetzung: Ben Khumalo-Seegelken, [www.benkhumalo-seegelken.de](http://www.benkhumalo-seegelken.de) , 30.04.2004.

<sup>β</sup> uFRITZ HASSELHORN: INTUMO YASEHEMANSBHEKE KWELASENINGIZIMU AFRIKA NGOKWEPHEPHANDABA LENTUMO EMINYAKENI YOWE-1870 KUYA KOWE-1910. Umsebenzi kaFritz Hasselhorn ezifundweni zakhe zoMlando eYunivesithi yaseGothingeni (amakhasi angama-64) esingaziswanga ukuthi walotshwa nini. Uqoshelwa ukulondolozwa nokuhunyushwa nguBen Khumalo-Seegelken, [www.benkhumalo-seegelken.de](http://www.benkhumalo-seegelken.de) , mhla zingama-30.04.2004.

<sup>1</sup> Georg Haccius: Denkschrift über die von 1887 bis 1889 abgehaltene General-Visitation der Hermannsburger Mission in Südafrika (Denkschrift), 1. Aufl. 1890, 3. Aufl. 1899 mit Anhang: Ein Rückblick auf das letzte Jahrzehnt in Afrika und ein Ebenezer zur fünfzigjährigen Jubelfeier der Hermannsburger Mission (Rückblick), Hermannsburg 1899, S. 28f.

<sup>2</sup> Hermannsburger Missionsblatt (HMBL), 1878, S. 55 und 1880, S.168

Rustenburg für die Missionsarbeit unter den `Orlamschen` den holländisch sprechenden Eingeborenen, von der Regierung zur Verfügung gestellt worden. [NaseRastenbeke kwakune-erf eyayiyisiza seNtumo kwabomdabu abakhuluma isiHholandi, amaOrlamu, beyinikwé nguHulumeni](#). Abgesehen von den beiden alten Stationen Bersaba und Bethanie erwarb die Mission in Transvaal nur dort Grundbesitz, wo sie bei der Ausdehnung des Arbeitsgebietes nach Süden auf das Hochfeld nicht auf die bewährte Zusammenarbeit mit den Betschuanenstämmen zurückgreifen konnte. [Ngaphandle kwasemagatsheni amadala eBhesaba naseBhethani iNhlango yeNtumo yakwazi kwelaseNtilasifali ukuzuza iziza kuphela-nje lapho kwakuthi uma yenabela eningizimu kwelasehla ingaludingi ubambiswano nomphakathi wabeTswana](#).

Der Landbesitz der Mission in Natal und dem früheren Zululand war viel umfangreicher. [Umhlaba owawusunguweNhlango yeNtumo kwelaseNatali nalapho kwakukade kukwaZulu khona wawubanzi impela-nje \(kunaseNtilasifali\)](#). Hermannsburg hatte einen Umfang von 2640 Hektar, Müden 2000 Hektar, Nazareth 800 Hektar. [IHemansbeke \(eHlimbithwa\) yayingamahektha ayizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisithupha namashumi amane \(2.640 h\), iMyudeni ingamahektha ayizinkulungwane ezimbili \(2.000 h\), iNazaletha ingamahektha angamakhulu ayisiphohlongo \(800 h\)](#). Die Station Empangweni wurde 1884 auf 1640 Hektar vergrößert und 1899 nochmals ausgebaut, so dass sie Platz für 250 bis 300 Familien bot<sup>3</sup>. [Igatsha laseMpangweni lanwetshwa ngonyaka we-1884 laba ngamahektha ayinkulungwane namakhulu ayisithupha namashumi amane \(1.640 h\), landiswa futhi ngonyaka we-1899, lakwazi ukuba nendawo yemizi engamakhulu amabili nanhlano \(250\) kuya emakhulwini amathathu \(300\)](#). Die fünf Stationen im Nordsululand, auf die die Mission als Geschenk der Zulukönige Anspruch erhob (*bk-s: Bethel, ekuHlengeni, eDlomodlomo, eNtombe, eKhombela?*), umfassten jeweils etwa 1600 Hektar<sup>4</sup>. [Yilelo nalelo gatsha ehla nelakwaZulu \(bk-s: eBheteli, ekuHlengeni, eDlomodlomo, eNtombe, eKhombela?\), abeNhlango yeNtumo abathi baziphelwa ngamaKhosi akwaZulu, lingamahektha ayinkulungwane namakhulu ayisithupha \(1.600 h\) lilinye](#).

Insgesamt umfasste der Grundbesitz der Mission in Südafrika im Jahr 1890 27.424 Hektar. [Usuwonke umhlaba owawusunguweNhlango yeNtumo eNingizimu-Afrika ngonyaka we-1890 wawungamahektha ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesikhombisa namakhulu amane namashumi amabili nane \(24.424 h\)](#). Darüber hinaus waren ihr 13.219 Hektar von den verschiedenen Regierungen für die Missionsarbeit zur Verfügung gestellt worden<sup>5</sup>. [Kwedlulele lapho kube khona amahektha ayizinkulungwane eziyishuminantathu namakhulu amabili neshumi nesishiyagalolunye \(13.219 h\) eyayikade iwaqokelelé iphiwa nguHulumeni \(eminyakeni eminingi ngokuhamba kwesikhathi\) ukuze iqhube umsebenzi weNtumo](#). Dieses Land lag vor allem in Gebieten mit jährlichen Niederschlägen von 700 bis 2000 mm und damit in den wasserreichsten Gebieten Südafrikas. [Zonke-ke lezi zindawokazi zisezingxenyeni zezwe lapho umsokama olwethwa yizihlambi zemvula emhlabathini uphakathi kwamamilimitha angamakhulu ayisikhombisa kuya ezinkulungwaneni ezimbili \(700 - 2.000 m\) ngonyaka - kwelinothile, elingafelwa-nkonyane, eNingizimu-Afrika jikelele](#). Bei entsprechender Nutzung konnte die Mission einen erheblichen Beitrag für ihre Ausgaben erwirtschaften. [Uma yayiqhuba](#)

---

<sup>3</sup> Hermannsbürger Missionsblatt (HMBL), 1876, S. 64; 1878, S. 50; 1880, S. 35; 1884, S. 51; 1900, S. 211

<sup>4</sup> Haccius, Denkschrift, S. 14

<sup>5</sup> ebd., S. 29

ngemfanelo, iNhlango yeNtumo yayingayizuzwa ngezikhwepha zayo ingxenywe yokubhekana nezindleko zomkhankaso wayo weNtumo. Bereits 1900 waren die Einnahmen aus dem Grundbesitz in der Zulumission annähernd so hoch wie der Zuschuss aus Deutschland<sup>6</sup>. Kwakhona-nje ngonyaka we-1900 inzuzo ngomhlaba owawusungoweNhlango yeNtumo kwelakwaZulu yayinkulu isicishe ilingane nesondlo iNhlango yeNtumo eyayisithola sivela kubo eJalimane. 1907 wurde der Grundbesitz in Südafrika mit 31.450 Hektar angegeben. Ngonyaka we-1907 wawusungamahektha ayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nanye namakhulu amane namashumi amahlanu (31.450 h) umhlaba owawusungoweNhlango yeNtumo eNingizimu-Afrika. Ein General-Verwalter wurde ernannt, um den Grundbesitz für die Mission besser zu nutzen. Kwabekwa uMqapheli (Administrator) owayezonakekela ukusetshenziswa okuyikho komhlaba (osuzuziwe). So erbrachte nach einer Reorganisation die Station Hermannsburg allein 8.000 Mark Jahrespacht. (Zum Vergleich: Die kirchlichen Beiträge der gesamten Zulumission betragen 1907 8.032 Mark). Kwathi-ke emva kwalolo hlelo igatsha laseHemansbheke (eHlimbithwa) lazuzwa imali elingana namaMaki ayizinkulungwane eziyisishiyagalombili (8.000 Mark) ngentela-nje yokuqashisa iziza. (Uma siqhathanisa: Iminikelo kulo lonke elakwaZulu ngonyaka we-1907 yahlanganisa imali elingana namaMaki ayizinkulungwane eziyisishiyagalombili namashumi amathathu nambili - 8.032 Mark). Außerdem begann die Mission mit der Anpflanzung von Blackwattle, einer Akazienart, deren Borke zur Gerberei benutzt wurde<sup>7</sup> Kwedlula lapho iNhlango yeNtumo yaqala yatshala uwatela (omnyama), inhlobo yomuthi amaxolo awo asetshenziselwa udayi.

Research Unit on Liberatory Processes in Pre- and Post-Colonial Southern Africa (RULPSA):  
Dr. Ben Khumalo-Seegelken  
eKhaya  
Cloppenburg Strasse 9 A  
D-26135 OLDENBURG  
eJalimane/Deutschland  
Tel/Fax: 00 49) - 44 1 – 770 32 330  
[www.benkhumalo-seegelken.de](http://www.benkhumalo-seegelken.de)  
30.04.2004

>> [Fritz Hasselhorn: Die Hermannsburger Mission ... 1870-1910](#)

---

<sup>6</sup> Hermannsburger Missionsblatt (HMBL), 1900, S. 148, Dir. E. Harms.

<sup>7</sup> Hermannsburger Missionsblatt (HMBL), 1907, S. 359, ders.